

Izimfuyo eziphilile = Ibhizinisi eliphilile



NGOKWEJWAYELEKILE SITHOLA UKUTHI ABANINGI ABALIMI ABAKHIQIZA UKUDLA OKUZINHLAMVU BAFUYA IZIMPAHLA FUTHI, NGOBA UKUHLANGANISA IZINTO EZAHLUKENE KWENZA UKUTHI INGOZI AYINGEKE IVELE KUZO ZONKE IZINDAWO KANYEKANYE NGONYAKA. LAWMA MAHELELO AMABILI OKULIMA AYASIZANA FUTHI -ISIBONELO: LAPHO UMLIMI UQEDE UKUVUNA IZITSHALO (UMMBILA) ZAKHE, IZIMFUYO ZINGENA AMASIMINI ZIDLA LOKHO OKUSELE. NOMMBILA OVUNIWE UYASIZA FUTHI UKUFUYA IZIMPAHLA UKUZE ZINGONDI KAKHULU EZINYANGENI ZASEBUSIKA.

Kuzomsiza umlimi njalo ukubheka impilo yezimfuyo zakhe ngoba izimfuyo eziphilile zizolethainzuzo kule bhizinisi lakhe epulazini. Futhi, izimfuyo ezigulayo zidla isikhathi nezimali! Ekuqaleni, imfuyo ephilile ayingeke igule masinya futhi izosheshe isinde lapho igula. Abalimi bafanele babheke izimpahla njalo ukuze babone ukugula masinya futhi ukuthi bangenzani ukuzisiza. Abalimi abaningi abanolwazi bazobona masinya lapho izimfuyo

zigula. Izimfuyo eziphilile zidla kahle, zidla njalo. Zihamba sonke isikhathi ukufuna amanzi, ukudla nendawo yokulala – ngokwejwayelekile zihamba nomhlambi. Imfuyo ehlala iyodwa isikhathi eside ikhombisa ukuthi kukhona okonakele, idinga ukuqaphelwa. Imfuyo ephilile izozetshisa futhi izophefumula kalula. Isimo semfuyo sizobonakala kungathi iphumuza imisipha (ithambisa impatho) – akungeke kubekhona ukuxhuga, noma ukukhobisa umhlane futhi isikhumba sayo sizokhanya ukukhombisa impilo enhle. Amehlo futhi akhombisa masinya ukugula, bheka ukuthi amehlo ayakhanya ahlanzekile. Amehlo namakhala akufanele abenamafinyila anukayo. Lokhu kuyizinto ezinye nje ezizokukhombisa ukuthi imfuyo iyagula.

Okunye okufanele ukukhumbule yilokhu: imfuyo eyodwa egulayo ingagulisa ezinye izimfuyo eziphilile. Ekugcineni ungathola ukuthi wonke umhlambi wezimpahla uyagula! Lapho isifo esithile sivela futhi, impahla ebegula ingaphinda iguliswe – noma kungathi isiqala ukuphila ngoba umzimba

Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo

FUNDA NGAPHAKATHI:

- 4 > Bhala phansi wonke umsebenzi ovumelana nalowo ohambelana nokwezimali
- 6 > Ukuphatha izimfuyo zakho
- 7 > Athini amagunya akho?



4



7



Unkz Jane uthi...

Sekufike uJulayi, ngokwejoyelekile le nyanga ayithandi ukugcina, inde kabi futhi kungathi ayingeke ilethele umlimi unzuzo. Mhlawumbe usugedile ukuvuna, kodwa awuqalanga ukuzilungisela ukuqala ngomsebenzi omusha wonyaka omusha. Lesi yisikhathi sokuqala ukuphumula phambi kokuqala ukusebenza futhi. Izinsuku ezimfusha nobusuku obude buzokunikeza isikhathi sokulala nokuphumula ukuze uthole amandla okuqhubeka ngomsebenzi wonyaka omusha – njengezilwanyane ezilala ebusika bese ziqala ukuvuka ukuzilungisela ukuqala ukubamba intwasanhlobo.

Kukhona abanye abalimi abasavuna ummbila wabo. Bekungunyaka onzima – kwezinye izindawo imvula ifike emva kwesikhathi, abanengi abalimi bangakwazi ukutshala ngesikhathi esifanelekile, baqindezile ukulinda ukutshala emva kwesikhathi. Abanye abalimi bathole imvula ekwanele futhi bavune imvuno enhle. Kodwa abanye abatholanga imvula, bahluphekile. Kufanele sikhumbule njalo ukuthi nabo abalimi bezomnotho ngesinye isikhathi abatholi umvuno omuhle – asilimi ngaphansi kophahla, sonke sibheka imvula ukuphilisa izitshalo zethu. Kufanele sizame ngawo onke amandla ethu bese kufanele sithembe ukuthi imvula izofika ngesikhathi esifanelekile futhi isithwathwa singafiki masinya silimaze izitshalo zethu.

Izintengiso zezimvuno bezinhlle lo nyaka (uma sibheka iminyak edlule), abalimi abanye bathole inzuzo enhle. Sicela nikhumbule ukuphinda nifake imali niyibuyisele futhi kula mabhizinisi enu nibeke enye enizoyisebenzisa ngonyaka ozayo. Lapho kungenzeka khona, zama ukushintsha izinhlobo zezitshalo emasimini enu, isibonelo: lapho utshale khona ummbila lo nyaka, zama ukutshala ubhekilanga, usoya, ubhontshisi owomile, njalonzalo. Zama ukungatshali inhlobo inye yesitshalo ensimini inye njalo ngonyaka – uzothola ukuthi kuzokwandeka ukhula bese umvuno uzokwehla.

Kubaluleke kakhulu ukufuya izimfuyo zakho ebusika ukuze zingondi kakhulu. Utshani obomile abunamandla kakhulu, kufanele uzinikeze futhi isikhotho esinamandla. Cela usizo kubanye abalimi nalabo abathengisa izikhotho – kukhona abantu abanolwazi maqondana nalokhu abazokwazi ukusiza wena ukuphilisa izimfuyo zakho.

Ekugcineni, zama ukungagodoli kakhulu!

Izimfuyo eziphilile = Ibhizinisi eliphilile



wayo nohlelo lwayoalusenamandla. Lapho izimfuyo zakho nalezo zomakhelwane zigula, uhlelo lokugula endaweni yakho kuzokwanda kubenzima ukwezilapha ziphinde ziphile kahle. Lokhu kuvama ukwenzeka uma kukhona umkhaza ongaphathwanga kahle nezibungu – kanjalo ke kunzima kubalimi abalima emhlabeni osetshenziswa ngumuzi onke ukukhulisa umhlambi wezimfuyo eziphilile ngokuphumelela.

Uhlelo lwemfuyo oluvimba izifo (ukuhlojiwe)

Lolu hlelo kuyindlela yemvelo ukubheka ukuthi umzimba wethu usahlala uphilile – phela nabantu banohlelo ohlojiwe. Kungumsebenziwohlelo oluvimba izifonokusiza umzimba ukulwa nezifo ezifuna ukungenga emzimbeni ukuze zivike umzimba ugule. Amaseli amancane kakhulu azotholaka kuwo wonke umzimba wakho, kodwa lapho umzimba unciphiselwa amandla ngenxa kwezifo ezingene kulezo zindawo ezithambile emzimbeni, uzongena engozini. Amaseli amancane azotholakakuwo wonke umzimba, kodwa lapho indawo ethile ilimele, uzothola ukuthi amandla aleyo ndawo ayaphela. Lama seli angcolile aya kumaseli aphilile bese aya kulezo zindawo emzimbeni angasenawo amandla, lawo maseli avusa impi ngalezinto ezingena emzimbeni. Kungathi sekuvuke impi lapho amaseli aphilile aqala ukulwa nalezo ezifuna ukungena emzimbeni. Lapho amaseli aphilile avama ukuphumelela, inkomo izohlala iphile. Lapho amaseli ehluleka ukulwa nalawa afuna ukungena, impahla izoqhubeka ukugula, izodonga umuthi. Into eyodwa ebalulekile emangalisayo futhi yilokhu: amaseli avimba izifo afunda masinya ukuthi ezinye izifo zinjani, njengalezo ezivama ukugulisa imfuyo njengalezo ezithwalwa umkhaza. Lokhu kunikeza imfuyo amandla ukulwa nalezo zifo. Kodwa kukhona ezinye izifo ezingafiki njalo bese uhlelo oluvimba izifo (amaseli) aluwaboni masinya.

Lokhu kuyisizathu zabalimi abafuya

izimfuyo bafanele baqaphele lapho bathenga izimfuyo ezinsha. Isibonelo: izimfuyo ezizalwe futhi ezikhulelwe endaweni engenazo izifo, zingafakwa endaweni lapho kukhona i-‘Heartwater’ noma i-‘Redwater’, ngoba uhlelo lamaseli alungeke lubone lezi zifo, futhi alungeke luvuse impi ukuvikela imfuyo – bese imfuyo izogula, mhlawumbe izokufa futhi, lokhu kusho ukuthi ulahle imali yakho! Njengoba uhlelo lamaseli lwemfuyo lukwazi ukubona isifo esithile, akusho ukuthi luzobona nezinye izifo. Abalimi basebenzisa ukugcaba (ukujova) okwenza ukuthi uhlelo lwemfuyo lokuvimba isifo – imfuyo bese ijwayela lesi sifo. Umjovo (umuthi womgcabo) unawo amaseli agulisayo, kodwa awasenawo amandla kakhulu, awangeke abulale imfuyo. Uhlelo lamaseli lavimba izifo luthola amandla futhi lapho inkonyane incela kunina, kubalulekile ithole ubisi lukanina. I-‘colostrum’ igcwele ngamaseli avimba izifo avela kunina.

Ukudla okwanele kubalulekile futhi

Lapho imfuyo yakho ilambile sonke isikhathi, uhlelo lokulwa nezifo alukwazi ukusebenza kahle bese imfuyo izogula. Kubalulekile ukuthi umlimi afuye izimfuyo ngendlela efanelekile aqinise futhi ukuthi zithola ukudla okwanele nasebusika lapho utshani emadlweni. Ama’prothiyn’ akhothwayo abalulekile ebusika. Imfuyo ebhekwa kahle ekhuluphele izokwazi ukulwa nezifo ngohlelo lwayo kuphela! Khumbula futhi ukuthi imfuyo ethola ukudla okwanele ivama ukuzala masinya, inobisi oluningi futhi izokhula masinya.

Sizophinda sixoxe ngalokhu ngesinye isikhathi. Kanjalo kubalulekile ukuthi umlimi othile abheke zonke izimfuyo zakhe ngendlela efanelekile, lezo zimfuyo nazo zizosiza ukwenza ipulazi elithile indawo enhle yokhlala nokulima khona.

**UJANE MCPHERSON, UMPHATHI
WEPHROGRAMU LEGRAIN
SA LOKUTHUTHUKISA
ABALIMI ABASAKHULAYO**

Ukugubha/ukuthokozisa ukukhula kwabalimi

ENCWADINI YE**PULA/IMVULA** EDULE BESIKHULUMA NGE**PHROGRAMU LOKUPHINDA UKUNGENISA IMALI**. EMVA KOKUSAYINA IMVUMO PHAKATHI KWETHU **NOMNYANGO WOKUTHUTHUKISA ABASEMAPHANDLENI NOKULUNGISIWE NGOKUSHA neGrain SA**, KWASE KWALUNGISWA AMASU EMABHIZINISI ANIKEZWA KUBALIMI ABANGU-16 ABAKHETHIWE UKUTHOLA USIZO KULELO PHROGRAMU FUTHI BABESEBENZANA NE**PHROGRAMU leGrain SA LOKUTHUTHUKISA ABALIMI**. Ngo**LWESINE, 17 MEYI**, LAPHO BEKWENZEKA '**GRAIN SA's NAMPO HARVEST DAY**', KWAKUKHONA IDILI ELIKHULU, KWABIZWA ABALIMI ABAHLANU BACELWA UKUTHI BASITSHELE SONKE UKUTHI LELO PHROGRAMU LIBASIZE KANJANI UKUZE BONA BAPHENDUKE BABE ABALIMI ABANGCONO.

UJannie de Villiers (Usihlalo Esikhulu SeGrain SA) wathakazela bonke abamanyiwe wabonga futhi uStephen Modise (Unyango Wokuthuthukisa Abasemaphandleni Nokulungisiwe Ngokusha), ngokusebenzisana ne-Grain SA. Wathi kuhlenganiswe amasu aqinile ukuthuthukisa abalimi futhi indlela eya phambili iyakhanya. Leli dili lenziwe ukugubha nokuthokozisa isikathi nomsebenzi ongenisiwe kule phrojekti labalimi.

Usihlalo seGrain SA, uLouw Steytler, washo wathi imiphumelo etholakale ngokusebenzisana kwenza ukuthi ajabule ukuba umuntu waseSouth Africa. Wagcina wathi: 'Masiqhubeke ukwenza umsebenzi omuhle'.

UWilliam Matasane (waseSenekal), uJack Kokoma (waseBothaville), uMponeng Lentoro (waseBloemfontein), uMichael Ramoholi (waseTheunissen) noWillem Modukanele (waseWelkom) bonke babonge Umnyango Wokuthuthukisa abantu Abasemaphandleni naLokho Okulungisiwe Ngokusha neGrain SA – kakhulukazi uNkz Jane McPherson (Umphathi Wephrogramu leGrain SA Lokuthuthukisa Abalimi Abalimi Abasakhulayo). UKarabo Peele (usihlalo esisha esikhethiwe seMaize Trust) wahalalisa iGrain SA wathi kuyinhlangano eyodwa ekhiqize abalimi abasha ngephrogramu labo lokuthuthukisa abalimi. Watshela abalimi ukuthi bafanele babuyisele imali kumabhizinisi abo bangayichithe nje ngokuthenga izinto zokuhlobisa kuphela.

Bekukhona mhlawumbe abantu abangu-180 kuleli dili eDonkerhoek Hall eNAMPO Park, eduze naseBothaville.

ULOUISE KUNZ, ITHIMU ELIHLELA IPULA IMVULA



Abakhulumeli abahlukene baxoxa nalabo abamanyiwe kule dili.

Bhala phansi wonke umsebenzi ovumelana nalowo ohambelana nokwezimali



UKUPHATHA IZINDABA ZEZIMALI NGENDLELA EQONDILEYO UZODINGA IMININGWANE YOLWAZI OLUHAMBELANA NESIMO SENZUZO NOMA IZINDLEKO (UKUNGENA NOMA UKULAHLEKA KWEZIMALI) SEBHIZINISI LAKHO. IZINCWADI EZITHOLAKALE EKUQALENI KOMSEBENZI WOKUVUMELANA ZIFANELE ZIBHALWE PHANSI UZIBEKE UKUZE UZOKWAZI UKUHLANGANISA AMASTETIMENTE EZIMALI AQONDILE, AMAHLE AKHOMBISA IQINISO.

Ngokubhalwa kwethu ngaphambili besixoxa ngesinyathelo sokuqala sokuphatha izindaba zezimali. Leso sinyathelo sokuqala sithi kufanele sithole izincwadi ezitholakale ekuqaleni kwazo zonke izinyathelo zebhizinisi, bese kufanele uzifake amanombolo aqondile uwabhale phansi, uzifake efayilini lapho zizotholakala kalula. Lokho kusho ukuthi kungenzeka ukuthi kungadingeka ukuthi uzihlanganisele lezo zincwadi zokuqala wena ngokwakho.

Masixoxe ngesinyathelo sesibili. Lapha kufanele urikhode (ubhale phansi) onke amadokumente ayisisuko noma ngayiphi indlela. Kudingeka ukuthi lokhu kwenziwe ukuze kuzohlanganiswe amastetimente amathathu adingekayo ukuhlanganiswe ukuze uzokwazi ukuphatha izindaba zezimali ngendlela eqondile. Amastetimente amathathu ayalandela:

- **Iisitetimente** esikhombisa umphumelo ekugcineni – inzuzo noma izindleko (okulahlekile) zebhizinisi lakho.
- Ngokwesibili: **i-balance sheet** elikhombisa isimo sebhizinisi lakho ngokwezimali, unezinto ezingakanani noma ezivelelwe ingozi (ezilahlekile). Ibhizinisi lakho lisengozini noma qha? Ibhizinisi lisesimeni esilondekile noma kungathi lisengozini? Unezikwenetu eziningi?
- Ngokwesithathu: isitetimente esikhombisa ukungena nokuphuma kwekheshi (**cash-flow**) okukhombisa ukuthi ukungena kwekheshi kungaphezulu kwekheshi eliphumayo. Ngokwekwalekile lokhu kuzokhombisa ukuthi uzoba nekheshi noma nini, njengasegcineni kwenyanga. Isiboniso: ukukhokhela amaholo, ukukhokhela izindleko zikagesi, ukukhokhela izimali njalo zokubulala izikwenetu ekugcineni kwenyanga.

Ukubhala phansi ngesandla konke okusemadokumentini avelayo (*source documents*). Noma ungasebenzisa ikhomphuyitha, noma ungasebenzisa

amaphrogramu kuleyo khomphuyitha. Kanjalo-ke ukubhala phansi kufanele kwenzeke njalonjalo, ngosuku nangosuku, ukuze kutholakale inhlanhla njalo ngokuphatha kahle izindaba zezimali zemali zebhizinisi lakho. Akulula ukwenza lokhu ngoba kudingeka ufunde uqeqeshwe. Emva kwalokhu ukubhala phansi, kufanele kuhlangukane amastetimente ezimali. Ngokugcono sizocela ukuthi lama sitetimente kufanele atholakale ekugcineni njalo ekugcineni kwenyanga.

Lapho ekuqaleni sixoxe ngokuhlona amastetimente ezimali eziqondileyo maqondana nokuphatha izindaba zezimali zebhizinisi lakho. Lapho kukhona intelo elinganiselwe neholo kuzoba khona amasitetimente ahlukene afunekayo emva kokugcina konyaka azokhombisa izindaba zezimali futhi zingasetsenziswa ukuphatha izindaba zezimali ngendlela efanelekile.

Lapho ufisa ukuboleka imali, kuzodingeka unikeze amastetimente azosekela isicelo sakho. Lawo mastetimente azosiza futhi ukuphatha izindaba zezimali ngendlela efanelekile. Lawo mastetimente azohlanganiswa kuphela lapho adingekile, hhayi njalo njalo.

Ngenxa ngokuphambambene kwezindaba zentelo (SARS) kuzoba ngcono ukucela abantu abanobungcweti ukubheka izindaba zakho zentelo. Lawa maprofeshinali anzokwazi futhi ukukusiza uma ufisa ukuboleka imali. Kodwa ukuhlanganisa ama stetimente ezimali afanele ahlangukane endlini yakho – noma wena ngokwakho noma omunye wasemndeni wakho noma umuntu ocelwe nguwe ukunikeza usizo.

Ukuze ukwazi ukuphatha kahle izindaba zezimali zebhizinisi lakho kudingeka imininingwane yezimali njalo ngosuku. Lapho ufisa ukuthenga ugandaganda, inkosi, izimbewu, noma ini, kufanele ukwazi ukuqhubeka masinya ngezindaba zezimali. Nginayo ikheshi ukukhokhela leyo nto noma kufanele ngicele ukuboleka? Kufanele ngime isikhashana? Ngizokwazi ukubhadala imali ebolekiwe? Kuzothintana kanjani nenzuzo noma izindleko zebhizinisi lami?

Qaphela ukuthi ukubhala phansi onke amadokumente kungaba inkinga – bheka lokhu okulandelayo. Umlayezo: Ekuqaleni kufanele kubhalwe phansi zonke izinzuzo nezindleko. Ungaqala ukusebenzisa kutubuleni elifana nalokhu okulandelayo.

Igama lebhizinisi:

Unyaka: 2012/2013

Izinzuzo nezindleko zenyanga 2012

Izinzuzo

Usuku	Izinzuzo zitholwe kubani	Ukuchasisa kwento ethengiswayo noma indawo lapho inzuzo ivela khona	Inombolo yedokumente	R.c	
Inzuzo yonke zenyanga = I					

Izindleko

Usuku	Izindleko ezikhokhiwe (Igama lebhizinisi)	Isichasiso sento ethengiweyo	Inombolo yedokumente	R.c	
Zonke izindleko zenyanga = E					

Umphumela wenyanga: I - E (Lapho u - E ungaphezu kwa-I umphumela ungu -) = A

Umphumela wonyaka kuze kufike enyangeni edlule = B

Umphumela wonyaka ekugcineni wale nyanga = A + B

Leli fomu lingagcwalisa kalula ngesandla noma ungasebenzisa iphogramu elibizwa ngokuthi "Excel" kukhompuyitha. Ungashintsha ngokuthanda kwakho. Umphumela omuhle uzokukhombisa ukuthi isimo senzuzo/sezindleko sinjani sebhizinisi lakho uma kuhlenganise konke.

Uma ufuna ukusuka lapho bese uyaqhubeka noma ngani – izinkomo ummbila, ukolo, izimvu. Kuleli fomu uzobhala phansi zonke izinzuzo noma izindleko – izimbewu, umanyolo, ukudla kwezimfuyo, umuthi, nomuthi okubulala izilokazane. Bese ungagcwalisa ifomu elinye elizokhombisa ezinye izinto njengedizili, ukulungisa imishini, ugesi, amaholo, okwaziwa ngokuthi izinzuzo nezindleko eziphezulu. Umphumela walokhu konke lapho kuhlenganiswa kuzokhombisa umphumela webhizinisi lakho. Ekulimeni kubalulekile ukwazi inzuzo/izindleko zazo zonke izinto ubezilima ngazo. Lapho ulima ngento

enezindleko kuphela bese ezinye izinto ezithola inzuzo zizosekela leyo nto elahla imali, bese kufanele ucabange kahle ukuthi uzokwenzani ngaleyonto elahla imali.

Ukuba nekhono lokuphatha izindaba zezimali zebhizinisi lakho ngendlela efanelekile ayikho enye indlela. Ngaphandle kwalokhu okuchazwe phezulu. Kuzobiza amandla kuwe kodwa ekugcineni uzoba nenhlankhla ngoba uzokwazi ukuthatha izinyathelo ezifanelekile ekuphatheni kwezindaba zezimali. Khumbula ukuthi konke esikwenzayo maqondana nebhizinisi kuzothintana nezinzuzo nezindleko zamabhizinisi ethu.

**IMININGWANE YOLWAZI OTHATHWE KUBUSINESS
ETHICS COURSE OKUBHALWE NGUMARIUS
GREYLING KWASE KWASHINTSWA KANCANE**

Ukuphatha izimfuyo zakho

ABALIMI ABANINGI LAPHA eSOUTH AFRIKA BANEZIMFUYO FUTHI – AWEKHO AMAPULAZI AMANINGI ANGALINYWA YONKE INDAWO, NGAKHOKE KUHLE ABALIMI BAPHATHE IZINKOMO NOMA IZIMVU UKUSEBENZISA LONKE IPULAZI KAHLE. EMVA KOKUVUNA, KUVAMA UKUDLISA IZIMFUYO KULAWO MASIMU.

Lapho kustshenziswa umhlaba womuzi wonke, izimfuyo zidla kuleyo ndawo ehlobo, ebusika zidla lapho sekuvunwe khona. Inkinga ayisiyo ukufuya lezo zimfuyo, inkinga ilapha: ungaphathi izimfuyo eziningi kakhulu ngoba azingeke zikwazi ukuphila kahle ekugcineni.

Inkomo idla ukudla okungakanani ngosuku?

Ukwazi lokho kungakusiza ukwazi ukuthi kungafuywa izinkomo ezingakanani kuleyo ndawo onayo. Inani lefolishi elidingekayo inkomo eyodwa ngenyanga (AU) ibizwa ngokuthi 'Animal Unit Month (AUM)'. Inkomo eyodwa enenyama elingana ne450 kg enenkonyane idinga ifolishi elomile elingana ne10 kg. Kanjalo i'AUM' ilingana ne300 kg lefolishi elomile (izinsuku ezingu-30 x ifolishi elidingekayo ngosuku).

Sonke siyawazi amabhele efolishi ayindilinga. Singasho-ke ukuthi la mabhele afika ku-250 kg. Siyazi ukuthi inkomo eyodwa idinga ifolishi elomile njalo ngosuku, manje singabala ukuthi ibhele elilodwa lizofuya inkomo eyodwa izinsuku ezingu-25 days. Inkomo eyodwa izodinga amabhele angu-1,2 ngenyanga. Ngokwamanje amabhele ayindilinga abiza R300 (uma wena ongumlimi utshala ifolishi ungaqala ukubheka inani elingu-R180 ukukhiqiza ibhele). Indleko yokufuya inkomo eyodwa ngenyanga izofika ku-R360. Lokhu ifolishi kuphela. Kuqinisa ukuthi inkomazi yakho ithola ukudla okwanele ukuphila kahle, futhi izozala njalo ngonyaka ikunikeze inkonyana ephilile, kufanele uyinekeze futhi isikhotho esibiza R1,27 ngosuku. Ngenyanga lokhu kuzofika ku-R40. Lapho uhlanganisa konke uzothola ukuthi ukufuya inkomazi ngenyanga kuzofika kuR400.

Ukufuya inkomazi edlelweni

Ngaphezulu sixoxe ngenani lefolishi elidingwa inkomazi eyodwa ngenyanga. Noma kanjani, uma uthenga ukudla noma inkomazi idla edlelweni, inkomazi yakho idinga 10 kg yefolishi elomile njalo ngosuku (plus izikhotho).

Amandla okufuya inkomo eyodwa (*carrying capacity* (CC)) kusho ukuthi idlelo linamandla ukufuya izimfuyo ezingakani njalonzalo. Sonke siyazi ukuthi izindawo ezahlukeni lapha eSouth Afrika ezinamandla ahlukene ukufuya izimfuyo (*carrying capacity*) – lokhu kubalwa maqondana nesimo somhlathi, imvula ne'*climax grass*' kuleyo ndawo. (Sizoxoxa ngalolu hlobo lotshani ngesikhathi esizayo).

I'CC' ibalwa ngokubheka inani lokudla elikhona njalo ngonyaka elingadliwa, lokhu kuhambelana nezidingo zezimfuyo. Ezindaweni eziningi lapha eSouth Afrika amadlelo adliwe kakhulu, asikwazi nokukhuluma ngenani lezimfuyo elijwayelekile. Amadlelo abethwala izimfuyo eziningi ngesikhathi eside angeke aphinde amile, kungadingeka siphinde sitshale utshani futhi, kodwa lokho kuzobiza imali eningi.

Kanengi sibona izimfuyo ezondile nezinye ezibulawe indlala – isono lokhu. Thina esingabanini balezo zimfuyo kufanele sizibheke sizinikeze ukudla okwanele. Asikwazi ukuvula nje isango lesibaya bese sicabanga ukuthi inkomazi izothola utshani okwanele. Lezo zimfuyo zihamba lonke usuku bese zigcina zidla amaplestiki nododi okungazibulala.

Ukhetha ukwenzani wena?

Abanengi abalimi abakule phrogramu lethu banezimfuyo eziningi kakhulu. Lokhu kwenziwa ngabantu abangacabangi – izimfuyo zithemba wena ukuzibheka futhi akufanele ulimaze umhlaba. Khumbula ukuthi awukho umhlaba ongowakho kuphela – sonke singasebenzisa umhlaba othile kodwa kufanele siqinise ukuthi nalabo abalandela thina bazokwazi ukusebenzisa umhlaba nakusasa – ngakho-ke kufanele siwubheke kahle lowo mhlaba.



Uma uthengisa inkomo namuhla ungathola mhlawumbe R10 000 (kuzobhekwa ubudala kwayo, ukusinda kwayo nokukhuluphala kwayo). Kufanele ubheke ufuye ezinye izinkomo nezimfuyo kuze kufike uNovemba (ngaleso sikhathi utshani sebumila kahle). Kusho ukuthi kusekhona izinyanga ezintathu lapho wena uzodinga ukudla okufuya izimpahla zakho. Khumbula ukuthi sibale sathola ukuthi ukufuya inkomo eyodwa ngenyanga eyodwa kuzobiza R400. Imali efika ku-R8 000 esiyithole ngokuthengisa inkomo eyodwa singayisebenzisa ukufuya izinkomo ezingu-20 ngenyanga. Khumbula, uma kufa inkomo eyodwa kuzolahleka leyo R8 000.

Mhlawumbe ungahlakanipha bese uthengise izinkomo eziningi uthole imali ekwanele ukuthengela izinkomo ezisele ukudla okwanele. Ngale ndlela uzolondoloza ipulazi lakho ukuze ukwazi ukuphinda ukulisebenzisa nakusasa. Ungaqinisa futhi ukuthi izinkomo zakho zithola ukudla okwanele, ziyaphila, zizozala njalo bese zinikeza wena ithole lokuthengisa ngonyaka ozayo.


UJANE MCPHERSON, UMPHATHI WEPHROGRAMU
LEGRAIN SA LOKUTHUTHUKISA ABAKHIQIZI ABASAKHULAYO

Athini amagunya akho?

UKUBHEKA NOKUHLOLA ABANTU KUVAMA UKUMANGALISA UMUNTU ONJENGAMI – UKULALELA UKUTHI BATHINI, UKUBHEKA UKUTHI BENZANI, UKUBONA UKUTHI BAYAPHI NOKUBONA UKUTHI BATHENGANI NGEMALI YABO. THINA ESINGABANTU SINGEZINHLOBOHLOBO, UMUNTU NGAMUNYE UNEZIDINGO ZAKHE, LOKHU AKUFANI NEZIDINGO ZABANYE. NGEMINYAKA EMININGI EDLULE UMASLOW, ISAZI SESAYIKHOLOJI UHLANGANISE IPHIRAMIDI ELILANDELAYO UKUCHAZA IZIDINGO ZEZINDABA EZINGCWELE. MHLAWUMBE KUZOKUSIZA NAWÉ.

Uzobona kulo mdwebu ukuthi isidingo esikhulu **kuyisidingo sefiziyoloji** – ukudla, izinto zokugqoka, impilo enhle (ukusinda), ukwazi ukuphumula, njalo njalo – lokhu yizinto ezidingekayo noma ungumuntu okhulile noma uvela kuphi.

Empilweni yamanje abantu abaningi babheka nje izinto ezingaphezulu kule phiramidi ngaphambi kokugcwalisa izidingo zamaleveli angaphansi. Bheka nje eduze nawe: uzobona izingane ezishayela izimoto ezinhle ezidulile, banamaselfoni, bagqoka izingubo ezinamalebula, basebenzisa i-'i-pad', kodwa wena uyazi ukuthi kukhona abaningi abantwana emakhaya abangenakho ukudla noma izinto zokugqoka. Kwenzekani lapha emhlabeni wethu?



PULA IMVULA

**Leminingwane yenziwe
ngabakwa Maize Trust.**

GRAAN SA

PO Box 74087, Lynwood Ridge, 0040
► 08600 47246 ◀
www.grainsa.co.za

UKUSAKAZA

Debbie Boshoff

► 08600 47246 ◀
debbie@grainsa.co.za

ABAHLANGANISI BEPROVENS

Danie van den Berg

Free State (Bloemfontein)
► 071 675 5497 ◀
danie@grainsa.co.za

Johan Kriel

Free State (Ladybrand)

► 079 497 4294 ◀
johank@grainsa.co.za
► Office: 051 924 1099 ◀
Dimakatso Nyambose

Jerry Mthomboti

Mpumalanga (Nelspruit)

► 084 604 0549 ◀
jerry@grainsa.co.za
► Office: 031 755 4575 ◀
Nonhlanhla Sithole

Naas Gouws

Mpumalanga (Belfast)

► 072 736 7219 ◀
naas@grainsa.co.za

Jurie Mentz

Mpumalanga (Vryheid)

► 082 354 5749 ◀
jurie@grainsa.co.za
► Office: 034 980 1455 ◀
Sydwell Nkosie

Ian Househam

Eastern Cape (Kokstad)

► 078 791 1004 ◀
ian@grainsa.co.za
► Office: 039 727 5749 ◀
Jenilee Bunting

Lawrence Luthango

Eastern Cape (Mthatha)

► 076 674 0915 ◀
lawrence@grainsa.co.za
► Office: 047 531 0619 ◀
Cwayita Mpotyi

Toit Wessels

Western Cape (Paarl)

► 082 658 6552 ◀
toit@grainsa.co.za

UMSHICILELI

Infoworks

► (018) 468-2716 ◀
www.infoworks.biz



IPULA IMVULA ITHOLAKALA NGALEZI ZILIMI EZILANDELAYO:

IsiZulu,

IsiNgisi, IsiBhunu, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, IsiXhosa.

**Sizimisele ukukhipa incwadi enhle
kakhulu. Uma ufi sa ukuxoxa ngokuphakathi
noma ngendlela kubhaliwe ungathintana
noJane McPherson.**

Athini amagunya akho?



Sizwa izindaba ezisabekayo ngabesifazane (nabo bayizingange nje) abathola izingane ukuze bazokwazi ukuthola i'granti' yezingane – kodwa abasebenzisi leyo mali ukuthengela izingane ukudla noma izingubo zokugqoka – qha, bathatha leyo mali bazithengela izingubo ezinhle ('ifesheni'), amaselfoni nesikhathi sokukhuluma (airtime). Lokhu bekungasilo ipulani nakanjani. Uma sivuma ukuthi lokhu kuqhubeke bonke ubudlelwane bethu buzoshona phansi ngoba sizothwala izingane eziningi ezingabhekwa kahle, ezingadlana kahle, ezingafundanga kahle, manje sizofuna ukuthi zingene emhlabeni wethu zakhe izindaba zezimali – akungeze kwenzeke. I'granti' yezingane lingeniswe ukusiza umama akhulise ingane yakhe – kumnikeza ukudla, nezingubo zokugqoka nokumfundisa.

Wena ongumlimi – uthengani?

Uma wena ungumlimi bese ukulima kulibhizinisi lakho. Uma unebhizinisi kufanele ufake imali kuleyo bhizinisi. Okunye okubalulekile ozokudlinga uma ungumlimi:

1. Umhlaba lapho uzokhiqiza khona;
 2. Ogandaganda nemishini;
 3. Imali yokuqala ukulima (ukutshala).
- Ngokwamanje ngizwe ukuthi abalimi bathi bahlulekile ukukhiqiza umvuno ngoba bekungekho

imali yokuthenga izinto ezidingekayo noma ugandaganda uphukile. Siyakuzwa lokhu. Kodwa bekungimangalise kakhulu ukuzwa ukuthi labo balimi baboleke imali efika ku-R300 000 ukuthenga i-'double cab LDV'. Ngeqiniso, akungeke kubengcono ukuthenga izinto zokuqala ukutshala, ugandaganda, imishini nokunye futhi ngaphambi kokuthenga iveni!

Lokhu kuyinto ebese khuluma ngayo – athini amagunya akho (?) – ufuna ukuthi ibhizinisi lakho likhule maqondana nezimo zamabhizinisi, noma ufuna ukuthi abanye abantu bakubone bacabange ukuthi: hheyi, lendoda inemali? Mina ngicabanga ukuthi sesifikele isikhathi thina sizibheke kahle – uma ufuna ukuba umlimi ozophumelela ozoya phambili kufanele uqale ukufaka imali kule bhizinisi lakho – lapho uqhasha ipulazi, kokha imali edingekayo, thenga ogandaganda nemishini okudingekayo ukuze uzokwazi ukuphinda ukutshala, bhaka ukuthi umndeni wakho usaphila kahle, bese ungacabanga ukuthatha imali esele uthenge imoto ensha. Ngicela ukuthi masikhawule ukuzama ukuba umuntu ofekethisayo, cabanga ukwenza izinto eziqondile kuqala!

**UJANE MCPHERSON, UMPHATHI
WEPHROGRAMU LABALIMI
ABAKHIQIZAYO ABASAKUKHLAYO
LEGRAIN SA**